# 1. Sisesikoleni

## Imibuzo ngaphambi kokufunda:

1. Buka izindlela abagqoke ngayo, qagela isimo sezulu.
2. Umuntu omdala ohamba nezingane nicabanga ukuthi ungubani?

Namuhla siyofunda ngaphandle. Halala! Kuyabanda kodwa sizobekezela ngoba kumnandi ukuba ngaphandle.




Ucabanga ukuthi kungani bekujabulela ukuyofunda ngaphandle? Yini elinye igama lesivande?



9781779892119_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 1 2025/10/03 11:26







Uthisha ukhombisa abafundi isivande sesikole. Kutshalwe imifino. Buka isipinashi no-anyanisi kunamacembe amade.

Iziphi izitshalo ezikhona esivandeni?
Kukhona no-anyanisi onombala onjani?



9781779892119_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 2 2025/10/03 11:27






Uthisha ubuza izingane imibuzo. Sesiyachelela. “Hhawu! Anotha! Unguvilavoco! Awufuni ukuchelela!” kusho uthisha. “Misi, angithi izimvula zizofika zichelele zonke izitshalo nezihlahla,” kuphendula u-Anotha ekhophozela.

Yini efanayo kuwowonke amacembe?
Kungani u-Anotha engathandi ukuchelela izitshalo.




9781779892119_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 3 2025/10/03 11:27

# 2. Inqubo yekilasi

## Imibuzo ngaphambi kokufunda:

1. Sixoxele ngemithetho yekilasi lakho.
2. Yini oyithanda ngekilasi lakho? Kungani?





Sihleli ngamaqembu.

Ubonani ezindongeni zekilasi. Ngabe kukhona ini ezindongeni zekilasi lakho?



9781779892119_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 4 2025/10/03 11:27





Siyabingelelana.

Nibingelelana kanjani ekilasini lakho? Abangani ububingelela kanjani?



9781779892119_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 5 2025/10/03 11:27





Sihleli ngekwemibala.


Uma ubuka umdwebo, ungathanda ukuhlala kuliphi iqembu. Kungani?



9781779892119_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 6 2025/10/03 11:27




Sesikopisha umsebenzi wasekhaya.



Sixoxele ngomsebenzi wasekhaya osewake wawuthola. Uzizwa kanjani uma uthola umsebenzi wasekhaya? Kungani?



9781779892119_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 7 2025/10/03 11:27